# UMZUMBE MUNICIPALITY



UMzumbe Mayor.
Cllr S.T. Gumede

## UMYALEZO KAMEYA WASEMZUMBE KAKHISIMUSI

*Isikhathi samaholidi okuphela konyaka sesifikile. Lesi isikhathi sokuhlangana, sizijabulise nabangani nemindeni yethu. SinguMkhandlu wase Mzumbe sithanda ukufisela wonke umphakathi waseMzumbe namaphethelo uKhisimusi omuhle kulo nyaka ka 2014 noncibijane ogcwele izibusiso. Unyaka siwuphetha ngesipho esihle esinikwe uMcwaningi Mabhuku othi ukuphatha kwethu izimali akunalo ugcobho. Siyazi isikhathi sikaKhisimusi isikhathi sokujabula lapho abantu abaningi besemaholidini. Imigwaqo yethu isezingeni eliphezulu nizohamba kamnandi ngezimoto zenu. Angiphinde ngixwayise abantu ngokuthi bajabule bazibheke kulo Khisimusi, bangaphuzi bese beshayela izimoto njengoba lokho kungadala izingozi kuphinde kudlule nemiphefumulo yabantu, bangazibandakanyi nezidakamizwa, baphinde bangazibandakanyi nezenzo zocansi olungaphephile ikakhulukazi intsha yakithi.*

## UKHISIMUSI OMUHLE, NONCIBIJANE OMUHLE KUBANTU BONKE